# UMhlengi Wami Ukhona

Ukubingelela ngePhasika kini nonke, kulokhu ukusa. Ngijabula kakhulu ukuba lapha, namhlanje, etabernakele, ngalesisikhumbuzo esikhulu sePhasika. INkosi isiphe usuku oluhle lalokhu ukukhonza. Futhi silapha ngalokhu ukusa emgubhweni wesehlakalo esikhulu ukwedlula zonke esezake zenzeka ezweni, ukuvuka kweNkosi yethu uJesu. Wayemkhulu ekufeni kwaKhe, kodwa abantu bangafa, kodwa wayengakaze abekhona umuntu owakwazi ukuvuka kwabafileyo ngaphandle kwaKhe. Futhi yilapho amathemba ethu lilele khona kulokhu ukusa, ekuvukeni kweNkosi yethu.

2 Ngithe ngisangena, kulokhu ukusa, ngenyuka ngezikhala zezihlalo, ngime imizuzwana embalwa emuva lapho ukuba ngibuke. Ngaqalaza ngale kwezethameli, ngase ngicabanga, “Baphume kusesekuseni, kulokhu ukusa, ngabe abantu, bamagange, ukuphuma bazokuzwa amaZwi efundwa, namahubo eculwa. Futhi kungumgidi wesikhumbuzo saLowo Ophethe izimpilo zethu esandleni saKhe namhlanje.” Ngicabange ngobuso obuningi engangivamise ukububona ekuseni kusesekuseni, eminyakeni eyadlula. Balele kulamangcwaba khona lapha, balinde isehlo sokuvuka kwabo.

3 Ngicabanga ngalokho, ngani, kusiletha kulomcabango, ukuthi, namhlanje silapha. Asazi nje ukuthi yisiphi isikhathi esiyothathwa ngaso siyiswe endaweni ya—yalapho belele khona kulokhu ukusa. Bese-ke, ukuthi ekubukisiseni, ukuthi hlobo luni lwabantu esifanele sibe yilo, nokuthi sifanele sisondele kanjani kulokhu ukuvuka kwanamhlanje na?

4 ENcwadini ka—kaJobe, kwese 10. . .isahluko 19 nevesi 25, lamaZwi ambalwa.

*. . .Ngiyazi. . .umhlengi wami ukhona. . . .*

5 Kwakuyisiprofetho sikaJobe namazwi akhe, emva kokuba esebone lolusuku esilukhonzayo namhlanje, esikhonza ngalo, ukuvuka.

6 Mina, ngiwela ngijikeleza ngokwedlula ezingxenyeni zezwe, futhi ngibona izinqubo zenkolo ezehlukene, nezimo ezehlukene zokukhonza, bekungathatha isikhathi eside, ukungena kukho, ukuzama ukuchaza izinto ezingavamile ezehlukene zezinkolo zalelizwe.

7 Kodwa, namhlanje, ngokwazi ukuthi phambi kwethu sinosuku olukhulu, nokuthi sibuthene lapha, kulokhu ukusa, okwalokhu nje ukukhonza kwasekuseni kakhulu okwemizuzwana embalwa. Sizobe-ke sesibuyela emakhaya

ethu, ukuba sibuyele, esethemba ukuthi namhlanje, inkonzo yokuphilisa.

8 Asikaze sibe nayo kodwa cishe kabili noma kathathu, selokhu sibe—sibe se. . . ezinkonzweni. Ngoba, ngokwejwayelekile, ukuza etabernakele nasezindaweni ezingakhona, abantu basekhaya kithi lapha, ugcobo lukaMoya oNgcwele ubonakala sengathi nje Awuzi kahle, lapha, ngoba kusekhaya. Kwake kwabakhona, nasezansi eSikoleni esiPhakeme saseJeffersonville; futhi-ke kwake kwaba lapha etabernakele.

9 Futhi selokhu ngivukile kulokhu ukusa. . . Ngibonakala ngifika sekwedlule isikhathi kancane, kodwa lokho bekungokwenhloso. Bese ngivukile kulokhu ukusa, kusekude ukuthi kuse, futhi ngilindile.

10 Futhi nje ngikholwa ukuthi sibhekene nenkonzo enkulu namhlanje, enkonzweni yokuphilisa. Nabafana, sizobanika amakhadi manje, futhi bazowanikezela kulokhu ukusa ngelesishiyagalolunye nqo, kwenzelwe inkonzo yokuphilisa ezobakhona. Ngikholwa ukuthi iNkosi izosipha isikhathi esikhulu.

11 Ngakho, sizoyiKhonza ngomkhuleko nangeculo, nokukhuluma ngeZwi, bese-ke sizama ukungabi bikho namhlanje, kulokhu ukusa, ngelesikhombisa, uma kungenzeka, ukuze wonke umuntu akwazi ukubuya futhi abe nesikhathi esenele ukulungela inkonzo.

12 Amakhadi omkhuleko azonikezelwa ngelesishiyagalolunye nje, ukuze kungashayisani nezinye izinkonzo.

13 Manje-ke, kulobubusuku, kusobala, yizinkonzo zombhaphathizo, futhi. Sifisa ukuba nonke nizethamele lezi, izihambi emasangweni akithi, kanjalonjalo. Sijabula kakhulu ukuba nani kulokhu ukusa, sibona lenkonzo yokuphuma kwelanga, netabernakele ligcwele phama.

14 Manje, emicabangweni ehlukene manje, namhlanje, yokukhonza kwezenkolo. Ezindaweni eziningi, bakhonza okhokho osewashona. Isibonelo nje, ukuba besizoya eShayina kulokhu ukusa, futhi sikhulume iZwi likaNkulunkulu, noma eJapan, bebezomangala ukuthi nkulunkulu muni okhulume ngaye, ngoba, wonke umuntu ofayo, ungunkulunkulu masinya nje uma efa. Futhi uma siya lapho kukhona abakhonzi bakaBuda, noma abehlukile, abakaMohamede, abakholwa ukuthi uKristu wavuka kwabafileyo. Abakholwa ngisho nokuthi wafa. Bathi, "Wagibela ihhashi wasuka wahamba futhi waya eZulwini."

15 Kodwa, namhlanje, sineQiniso ngempela nokuKhanya kokuPhila. Akukho-kungabaza emqondweni wami, namhlanje, njengo—ngomshumayeli weVangeli lobuKristu. Anginakungabaza nhlobo emqondweni wami, akukho nelilodwa

ithunzi lokungabaza, kodwa kungukuthi siyavumelana ukuthi sineQiniso elinanyekwe ngophawu. Ukuthi ezinye izinkonzo zingaba kahle, kodwa sineQiniso.

16 Uma siqaphela, namhlanje, ukuthi, sibhekisisa izikhathi zonyaka. Impela uNkulunkulu waseZulwini, Owenza onke amazulu nomhlaba, wenza... Uma ningayibona indlela umqondo waKhe owawuhamba ngayo, ukuthi Unalo kanjani ikwindla lonyaka, ukufa; bese kuba yintwasabusika yonyaka, ukuvuka. Ukuze, ufanele ufe, ukuze ube nokuvuka.

17 Kungokufa okuthi njalo kulethe ukuphila. Niphila kuphela ngokufa. Senake nama ukuba ke nikucabange lokho, ukuthi isintu siphila ngokufa na? Kufanele kubekhona into efayo ukuze niphile; ukudla. Impilo yezitshalo, impilo yezilwane, konke kuyafa. Futhi nangalokho kufa, sidla ukudla. Nokudla esikudlayo, into efile yenye into, kuveza amangqamuzana okuphila egazi angena emzimbeni wethu. Ngakho siphila kuphela, futhi sikhule, futhi siphefumule, futhi sidle, ngokuphila, futhi manje... nangokufa. Futhi sifanele sibe nokufa ukuze siveze ukuphila, ngalesosikhathi.

18 Manje, lomlayezo esifundelwe wona, kulokhu ukusa, besingawubiza ngomyalo omkhulu, ngokuba kwakungumyalo wokugcina iNkosi yethu eyawunika abafundi baYo. "Ukuba baye ezweni lonke, nokuthi bashumayele lena eyinkazimulo, izindaba ezinhle zokuvuka ezweni lonke, kube ngubufakazi." Wayezobe esebuya-ke. "Nokuthi izibonakaliso nezimangaliso zazizophelekezela loMlayezo owawuzoshunyayelwa."

19 Futhi namhlanje, emazweni, sithola ngisho naphansi kwenkolo yobuKristu, ukuthi sithola abantu eMelika, abaningi babo, nakho konke okuhle nezinhlonipho ezifaneleyo kuyo, sizama ukuthola amabandla amakhulu, nasemahlalabhishobhi, nezinhlelo ezinkulu, kanjalonjalo, futhi. NgePhasika, namhlanje, amasonto amakhulu neziphambano kuyacwebezela ngenxa yalenkonzo enkulu yePhasika. Futhi, namhlanje, ngokwangempela amashumi ezinkulungwane nezigidi zamadola zizochithelwa ezimbalini zePhasika kanjalonjalo, ukuba ziye ema altare, ukuhlobisa lamasonto amakhulu namahlalabhishobhi esinawo namhlanje.

20 NaseRoma, inhloko yebandla eliKatolika, phakathi lapho ba... lawomakhaza amakhulu ezidumbu, iSaint Peter's, lapho abantu abafile bengcwatshwa khona. Bayathanda ukuthi, ebandleni eliKatolika, ukuthi, "Sinalo, ngenxa yokuthi sinomzimba lapha kaPetru oNgcwele, ulele lapha. Sinomzimba wabaphostoli abehlukene, nabafundi, namadoda adumile efile futhi a... Imizimba yawo ingcwatshwe lapha." Futhi babuka lokho kube sengathi lokho kwakuyisiqinisekiso esithize esikhulu emkhakheni wenkolo yabo, ukuthi banoNkulunkulu.

21 Kodwa njalo bekuba ngumbango wami, bangane, ukuthi lezozinto akusho lutho. Akusikho. Noma yimuphi umuntu angafa futhi alale emhlabathini. Kodwa Okwavuka kulokho yilokho esikukhonzayo namhlanje, ephilayo, evukile, yenyuka iNkosi uJesu Ophilayo namhlanje. Abantu abaningi bangafa.

22 NgoLwesihlanu olwedlule, abantu bagaqe ngamadolo abo, benyuka ngezitebhisi zaseVatican. Futhi abantu abaningi bahamba bangena base begubha umkhosi owukufa, okwakuyi . . . into enkulu neyisenzeko esesabekayo esenzeka kuKristu. Kodwa Wadingeka ukuba akwenze lokho ukuze afakazise ukuthi WayenguKristu.

23 Kodwa namhlanje wusuku, ukuvuka, lokhu kwakubeka uphawu kuze kube-phakade. Manje Akafile. Uyaphila, namhlanje, uphila kuyo yonke inhliziyo nakuwo wonke umuntu.

24 Amadoda asendulo, lapho ebheka lolusuku, okhokho abadala emuva eBhayibhelini; uAbrahama, uIsaka, uJakobe, uJobe. Abaningi bokhokho abadala babebheke isikhathi lapho uKristu ayovuka khona kwabafileyo.

25 Ngicabanga ngoJobe, lo ekade sifunda ngaye emizuzwaneni embalwa edlule, wayebheke kulokhu ukusa. Ngesikhathi esemdala, esegugile eseneminyaka eminingi, nenyama yakhe yayisiziwela nje emzimbeni wakhe, ezilondeni. Inhliziyo yakhe yayiphukile, esosizini. Nayo yonke ingxenye esazokufa yokuba ngumuntu kwakhe yase ishwabana.

26 Nomuntu odume kanjalo, owahlaba omkhulu umxhwele ezweni ngosuku lwakhe; nokubona lokho, konke lokho aye—ayeyikho, nobukhulu. Wathi uyoya emizini yaseMpumalanga, namakhosana ayomkhothamela, ngenxa yokuhlakanipha kwakhe.

27 Kodwa nangu lapha ayekhona, ekupheleni kwengqondo yakhe. Yonke into yayingasekho, kubonakala kunjalo. Umzimba wakhe wawungasekho. Impahla yakhe yayingasekho. Abantwana bakhe wayengasekho. Konke lokho ayenakho kwakungasekho.

28 Futhi, manje-ke, uNkulunkulu esihawini saKhe wehlela kuJobe, futhi uMnika omuny'umuzwa, ukuba akwazi ukuba avule amehlo akhe bese ebona usuku ukuthi lapho okuyobakhona ngalo umzimba ayowemukela. Wayazi ukuthi Wayekhona ozayo, Lowo oLungileyo, Owayezoma endaweni yakhe, Owayezovusa umzimba wofileyo, futhi wayezokwenza. Wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona." Ngiyawathanda lawomazwi avumayo akhuluma ekulo.

29 Akusikho ukuthi, "Ngethemba kanjalo. Nginokuzwa ukuthi kuyobanjalo." Lokho kucishe kube yisimo sokuziphatha kwabaningi namhlanje, "Nginethemba ukuthi ngolunye usuku . . . "

30 Kodwa uJobe wayenokungaphezu kwalokho. Wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona," uhlangothi oluvumayo lwakho. Akusekho ohlangothini oluphikisayo. Konke kuyavuma.

31 Futhi uma namhlanje, uma kuphela sinesiphambano phezu kwesonto, ukukhombisa ukuthi yikuphi. . . Lokho konke kulungile, ukuthi uKristu. . . Siyakholelwa ekufeni kukaKristu, ukumbelwa, nokuvuka. Uma kuphela sinemizimba efile embalwa yothuli ilele phansi kwesonto, nabanye babantu abangcwelisiwe abambelwa khona, lokho ku. . . Sinalokho kuphela njengethemba, khona-ke siphakathi kwabo bonke abantu abanosizi kakhulu.

32 Kodwa, namhlanje, sinokubonga kakhulu! Asinayo imizimba efile, kodwa sinoMoya weNkosi uJesu Kristu ovukileyo, ukuthi Wavuka kwabafileyo, enqobile.

33 Akusekho ukuthi, "Ngiqagela kanjalo." Wawungabuka esiphambanweni bese "uqagela kanjalo." Wawungabuka umzimba ulele emhlabathini, bese uthi, "Ngiqagela kanjalo," futhi "Ngethemba kanjalo."

34 Kodwa lapho umbono owashaya uJobe uke waze waba ngowangempela, ukuvuka kweNkosi uJesu ngoMoya oNgcwele enhliziyweni, khona-ke unokuthi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona."

35 Onke amathunzi selishabalele, bonke ubumnyama obudala bokuthi, "ngethemba ukuthi kunjalo," nokuthi, "mhlawumbe kunjalo," nokuthi "sithemba ukuthi kuzoba ngaleyondlela." Konke kuyashabalala, kuwo wonke umuntu owake wenza inhliziyo yabo ibe yithuna eNkosini uJesu Kristu.

36 Yifa naYe, umbelwe naYe, futhi uvuke naYe! Uvuswe kanye noKristu ekuvukeni! Lelithemba elisha uNkulunkulu alifake ezinhliziyweni zethu, namhlanje, lesisiqiniseko esisha! Kuyithemba kulabo ababheke isikhathi. Kodwa uma owesilisa noma owesifazane oke wavuka kabusha, kungukuthi "ngiyazi ukuthi kunjalo" manje. "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Ngani na? Uphila phakathi kwenhliziyo yami."

37 Akumangalisi yini namhlanje ukuthi onke amathunzi seledlule na? Onke ama. . . "Awu, ngethemba ukuthi ngiyofika ekuvukeni." Akusesikho "ukwethemba." Sinesiqiniseko! Yilokho kuphela. Siyakwazi. Akusesikho "ukwethemba kanjalo."

38 Ngoba, kukhona okwenzeka ezimpilweni zethu, lokho kwasusa onke amathunzi, ngenkathi uJesu Ovukileyo efika ezimweni zethu zesono esasikuzo. Nezinto ezindala zafa zaphela, ekubethelweni naYe, e altare. Futhi savuka kabusha, futhi kanye naYe, futhi sihlale naYe futhi sibuse naYe. "Futhi sihlezi manje ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu." Sesivele sivuke naYe. Ukuvuka sekuvele kwedlulile, ngokwazi kwethu, ngoba

manje sivuke noKristu. Amen. "Sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu."

39 Akusesikho "ukuqagela" ngakho. Sekuphelile. Amen. Ngiyakuthanda nje lokho. Akusesiwo "amathemba", akusesikho "ukufisa," akusesikho. O, sekuphelile.

"Manje sesivuke naYe, sihlezi ezindaweni zaseZulwini."

40 Namanje, futhi phakathi nangaphezu kwalokhu, eBandleni! Wena uthi-ke, "Mfowethu Branham, kuchaza ukuthini, manje-ke, ukuthi sifanele si 'shumayele iVangeli' loku?" Lelo yithemba lethu elilandelayo. Leyo yinto yethu elandelayo. Emva kokuba sesivuke naYe, sinomyalo omkhulu, ukuba siye ezweni lonke futhi silethe lezizindaba ezinhle kwabanye.

41 Ukusa okuhle okunje, ngenkathi uMariya Magdalena, uMariya umama, wafika ethuneni kusesekuseni ngalokho kusa, emangala, "Ubani owayezoginqa itshe ethuneni na? Ubani owayezoba namandla okususa itshe na?" Baqhubeka, baya phambili, ngokukholwa, bekholwa. Futhi lapho ukusa kuqala ukuntwela, izinyoni amarobini nakho konke kwayeka ukumpongoloza. Futhi into yokuqala, inkanyezi yokusa yakhanyisa indlela, futhi njengenkanyezi ehudayo yagwedla yanqamula umhlaba futhi yalenga phezu kwethuna lapho Ayekhona. NeNgelosi yama lapho, yase iliginqa itshe.

42 Futhi Wavuka ethuneni, enqobe ukufa, isihogo, nethuna. Futhi wathi, "Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe."

43 Futhi namhlanje Uphila ngokuphakeme kakhulu ezimpilweni zethu, futhi akusekho ukuqagela ngakho. Ngicabanga ukuthi iPhasika ngelinye lezikhathi ezinkulu kunazo zonke. Uma sake sabakhona isikhathi lapho iVangeli eligcwele, abepentekoste, abazelwe ngokusha, abantu abaphinde bazalwa, bebefanele bamemeze izindumiso zikaNkulunkulu, kusekuseni ngePhasika, lapho sebazi ukuthi leso yisikhumbuzo sokuthi kwenzekeni kubo. "Ngangifile, esonweni naseziphambukweni; manje sesivusiwe, sihlezi kuKristu, ezindaweni zaseZulwini, sazi ukuthi uMhlengi wethu ukhona."

44 UDavide, umprofethi wasendulo, wathi, "Ngani, inyama yami iyophumula ngokwethemba, ngoba Akayikuvuma ukuba Ongcwele waKhe abone ukubola, Akayikushiya umphefumulo waKhe ehayidesi." Ekhuluma ngokuvuka, ukuthi uNkulunkulu wayezovusa uKristu ngokwemiBhalo.

45 Futhi thina, sivuke naYe namhlanje, sihlezi ngendlela eyiyonayona naYe; futhi manje silungele uHlwitho ukuba lufike, silindele lesosikhathi esikhulu. "Inyama yethu iyophumula ngokwethemba." Siyakwazi. Akukho nokunci ukungabaza emqondweni wami namhlanje. Akukho ngisho nokunci ukungabaza emqondweni wanoma yimuphi umuntu ophakathi

lapha, oseke wazalwa ngokusha, kodwa ngukuthi bayoba lapho ngokuqiniseke impela njengoba likhona iZulu phezulu. Nifanele nibe khona. Sonke isithembiso sikukho ngqo. Yilokho kuphela. Yibani ngabavuke naYe nje; khona-ke nizohlala naYe, niMthande, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, silindele lesosikhathi esikhulu.

46 Manje, umyalo omkhulu wawungukuthi, ngukuyongena... Emva kokuba Esevukile kwabafileyo, manje-ke U...Umyalo omkhulu wawungukuthi, ukuthi, "Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli kukho konke okuyisidalwa." Konke okuyisidalwa kwakungukuba kuzwe iVangeli. Yilowo umyalo, kulokhu ukusa, weBandla, ukuthi konke okuyisidalwa kuyozwa iVangeli. Manje-ke, uma konke okuyisidalwa sekulizwile iVangeli, khona-ke uJesu uyobuya futhi.

47 Uke wama nje ukuba ucabange, kulokhu ukusa, mayelana nokubuya, lokho kungukuthi, kwase kube ngokubonakalayo na? Usevele ulapha kanye nathi manje. U...thina ngoluny'usuku... Manje namhlanje, ake nibheke nje ukuthi uBukhona baKhe bungobulapha namhlanje. INkosi uJesu ikwelinye izwe, noma kwesinye isigaba, khona lapha namhlanje esimweni sikaMoya. UMoya waKhe uhlangana-thaqa nomoya wethu. Amehlo ethu angeke aMbona, ngenxa yokuthi asengawenyama okwamanje, ngaphandle uma kubakhona into eyenzekayo ukuba sikwazi ukubona umbono. Kodwa Ukhona lapha ngokubonakalayo impela, unguye ngempela nje njengoba Wayenjalo ngosuku Akhuluma ngalo noMariya, ethuneni, noma Ehlangana noKleyophase esendleleni yakhe ebheke e-Emawuse. UBukhona baKhe bulapha.

48 Bungathintwa ngokuzwa lokho-kushaja okungaphakathi impela okungaphakathi komzimba womuntu, okuthiwa ngukuZalwa okusha. Umphefumulo ufakwe ubuzibuthe kuYe. Futhi kanye ngasikhathi, uma nivumela imiqondo yenu inake Yena, nikholwa kuYe; emva kwesikhashana, Into ethize, ubuqiniso, ningayizwa Into ethize ishwibeka phezu kobuwena. Leso yisiqinisekiso sokuvuka kwaKhe.

Akusikho "ukuqagela kanjalo." Akusikho ukuthi "Ngethemba kanjalo."

49 Kodwa, kuwo wonke umuntu ozelwe ngokusha, kungu "kwazi ukuthi kunjalo." Kungukuthi, niyakwazi. Kukhona khona lapho, futhi uma uxhumana naYe. Ngike ngababona abangcwele bethi, "O, ninga..." UBukhona beNkosi buseduzane. Bathi, "Ngani, kukhona Into ethize!" Ngani, impela. Ukhona khona lapho. Phezulu impela...Uvukile kwabafileyo, futhi Umi eduze kwenu.

50 Manje, ngolunye usuku, uma sesihamba ukuba siyoba naYe; lemimoya phakathi lapha, engawuzwa lowoMoya, ucindezelela ukungena kuLowo. Manje-ke, ngokuvuka, uma

Ezenza Yena uqobo abe ngobonakalayo, sizokwenziwa ukuba sibonakale futhi sibe nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo onenkazimulo. Ngokuba, nxa sifika sivela ezweni lomoya, uyosiletha kanye naYe. "Bonke labo abafileyo kuKristu uNkulunkulu uyakubaletha kanye naYe ekuvukeni." O, ukukhanyisa okunje pho! Into ebusiswe kanje pho!

51 O, ukuba bengingezukukuthatha lokhu. . . O, ukuba bengingenziwa ngibe yinkosi phezu komhlaba wonke, futhi ngiqinisekiswe ukuthi ngiyophila iminyaka eyisigidi; bengingekuthathe ukukhonzwa okuwunyaka kweNkosi, nezinto engizibonile onyakeni odlule, futhi ngafunda ngoNkulunkulu, okwazo zonke izingcebo zamazwe. Lelithemba elibusisiweyo! Emva kwaleyominyaka eyisigidi, kumbe noma kungaba yini, bengiyonqamuka ukuthi ngibe khona.

52 Esikhathini esithize esedlule, uMfowethu Cox (omi kwingemuva lendlu manje) nami sasihlezi phezu kwe. . . Umgwaqana ongena endlini, nedwala eligayiwe lalisemgwaqeni. Phakathi lapho kwakukhona amathambo amancane asaguquka abayitshe esilwane esithize sasolwandle, noma into ethize, eyayiphila kweminingi, iminyaka eminingi eyedlula. Ngathi, "Awubheke lento lapha."

53 NoMfowethu Cox wathi, "Mfowethu Branham, angazi ngempela ukuthi lokho kudala kangakanani na?

54 Ngathi, "Awu, Mfowethu Cox, mhlawumbe ku, abahleli bezikhathi zokwenzeka kwezinto emlandwini bangathi, kuze kuyofika ezigidini zeminyaka; emuva le ngaphambi kokuba lomhlaba uze uhlale izidalwa ezingabantu, namanzi ayemboze umhlaba. Lezozilwane mhlampe zaziphila kweminingi, eminingi, iminyaka eminingi eyizigidi eyedlula. Kodwa ngi. . . "

55 Wathi, "Buka, Mfowethu Branham," wathi, "ayimfishane yini kakhulu impilo yomuntu, kuleyompilo na? Cabanga nje, lawomathambo asaguquka aba yitshe aselokhu ekhona, emva kwezigidi zeminyaka."

56 Ngacabanga, "O," ngathi, "Mfowethu Cox, kuyobakhona isikhathi lapho lawomathambo asaguquka aba yitshe angeke esabakhona. Ngeke kubekhona nesisodwa isithunzi sawo. Kodwa ngoba Wavuka kwabafileyo, ngiyophila nani niyophila, kuze kube-phakade, neminyakanyaka engenakubalwa."

57 Lapho onke amathambo ezilwane asaguquka aba ngamatshe eseshabalele, naso sonke isikhathi sokuba nezimvu ezimhlophe hhu sesedlule, namathunzi selehlile, siyophila njalo, siphile njalonjalo, kuze kube-phakade. Ngoba, ngokwemukela ukuvuka kweNkosi uJesu Kristu, siba yizidalwa ezingasayikufa, sibubula eMoyeni, silinde isikhathi sokukhululwa kwethu, ukuthi nathi futhi siyoba naYe eBukhoneni baKhe obubusisiweyo, ukuba siphile kuze kube-phakade. Isimangaliso esinje

pho! Akumangalisi kuxhuxhumise izinhliziyo zabantu! Akumangalisi kulethe abantu ekukhonzeni.

58 Akumangalisi ukuthi abantu namhlanje bazogaqa ngamadolo abo, futhi bathinte amatshe, futhi bashikishe iziphambano, kanjalo—kanjalonjalo, ngoba, into ethize phakathi kwabo, into ethize phansi emphefumulweni womuntu ikhalela into ethize abangayitholi. "Utwa lubizana noTwa." Futhi uma kukhona utwa, lubiza, kuzofanele kubekhona uTwa olusabelayo kukho. Kuzofanele nje kubekhona.

59 Njengokuqinisekileyo impela nje njengoba lelolanga elifudumele libhukuda ngaphesheya kwezinkalo, uma selibhadla ekuqaleni kwasebusika, kuzofanele kube . . . Lelolanga libekelwe into ethize lapha. Phansi phakathi kwalapho, ndawondawo, okungabonakali esweni lomuntu, yizimila nokuphila, okuzobuye kuthele futhi ngenxa yokuthi ilanga lathunyelwa yona leyonhloso efanayo impela.

60 Futhi njengokuqinisekileyo impela nje njengoba ukuKhanya kweNdodana kaNkulunkulu kubhukuda enhliziyweni yomuntu, kukhona into encane ethize efihlekile abantu abangeke bakwazi ukuyichaza. Kubizela ngaphandle. Kuzobakhona, ndawondawo. Ngicabanga ngalokho, nenhliziyo yami ivevezeliswa yinjabulo, ukwazi ukuthi sinobufakazi obedlula konke obubonakalayo namhlanje ukuthi uKristu uvukile kwabafileyo, manje.

61 Futhi ngicabanga ngezikhathi zeTestamente eLidala, futhi, lapho babebheke ukufika kweNkosi uJesu, ngenkathi beMbona engakafiki futhi bakhonza, kuyo yonke impela imicabango yakho. Kwakukhona into ethize kubo, ebizela ngaphandle, "utwa lubizana noTwa," belindele isikhathi, bebheke isikhathi lapho uJesu ezofika khona.

Manje, namhlanje, emva kokuba Esefikile . . .

62 Manje, emuva lapho, uSathane wazama ukuphuphuthekisa amehlo alabo ababekubhekile, ukubatshela ukuthi yayingekho into enjalo. Kodwa, ngandlela-thize noma enye, ngaphambi kwanoma yini esingayisho kulokhu ukusa, kodwa njengoba uMoya oNgcwele wawufuqa enhliziyweni yabo futhi ubapha ukulamba nokoma, ukuthi kwakuza OLungileyo.

63 UJobe, manje cabangani, iminyaka eyizinkulungwane ezine . . . Iminyaka eyizinkulungwane ezine ngaphambi kokufika kweNkosi uJesu, uJobe wabona ukuvuka. Futhi ngenkathi ekubona ngombono, ukuthi kwakuzobakhona, iminyaka eyizinkulungwane ezine kungakenzeki, wayenesiqiniseko, ukuthi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma emhlabeni. Noma izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu; Engiyakumbona uqobo lwami; amehlo ami ayakubona, futhi kungabi njengomfokazi." Kwakukhona utwa, lubizana noTwa, kuJobe.

64 USathane wayengahle azame ukukwesula ngokufa. Wayengahle athi, "Yebo, Jobe, uzongena ethuneni. Izibungu zesikhumba zizothatha umzimba wakho." Kunjalo. Siyakwazi lokho.

65 Kodwa uJobe wathi, "Ngiyoma ngezinsuku zokugcina kanye naYe." Wayenesiqiniseko sokuthi Wayezoba lapho, ngokuba kwakukhona into ethize kuJobe eyamtshela lokho. Futhi lapho uSathane ezama ngamandla akhe onke ukukwesula ngokufa nakho konke, uJobe wayekubhekile, ukuba akubone. Wafela ekukholweni, waphuma umoya, wavuka futhi ekuseni ngePhasika, noKristu, usengumuntu ongasayikufa phakathi kwabantu namhlanje! Haleluya! Qaphelani. Akumangalisi iziDalwa eziyiziNgelosi zingacula, "Haleluya!" Yazini!

66 Manje, namhlanje, kungabakhona abanye, singashikisha iziphambano, singashikisha amathambo abantu abafile; yizinhliziyo zabantu zibiza ukuba kuphume into ethize. Banjalo. Kukhona into ethize kubo, ebonakala i . . . Beyizidalwa ezingabantu, bafuna . . . Bayazi ukuthi kukhona into ethize, ndawo ndawo, enkulu kunanoma yini abayaziyo ngakho, futhi bayayifunisisa, beyifunisisa. Futhi bazama ukuyithola ngokukhonza amathambo abantu abafile, ngokushikisha iziphambano, ngokwakha amasonto amakhulu.

67 Kodwa, o, kulelothemba elibusisiweyo namhlanje, kulesosiqiniseko esibusisiweyo, ukuthi wonke umuntu oke waze wafika wathintana nokuvuka, uyazi, ngale kwethunzi lokungabaza, ukuthi uKristu uvukile ethuneni, futhi savuka naYe. Sivuke naYe, kulokhu ukusa. Lokho, niyabo, akusikho ukuthi aku . . .

68 Ngukulamba, nonke niza kuKristu. Ungakamemukeli uMoya oNgcwele, walamba futhi woma. Wasuka wahamba. Wafuna. Wafunda iBhayibheli. Wakhala. Wenze konke obekungenziwa. Ungahle ukuba usho irosari. Ungahle ukuba uphindaphinde ubuhlalu. Ungahle ukuba wenze zonke izinhlobo zezenzo zezenkolo. Ungahle ukuba uyeke ukudla izinyama. Ungahle ukuba ugcine izinsuku zesabatha. Ungahle ukuba wenze zonke lezizinto zezenkolo izwe elikhuluma ngazo namhlanje.

69 Kodwa, uma uke kanye waze wazinikela ekubethelweni, lapho kufika ukuvuka. Okukunika isiqiniseko, sokuthi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona namhlanje!"

> Lesosiqiniseko esibusisiwe, uJesu ungowami!
> O, ukunambitha okunje pho kwenkazimulo yaPhezulu!
> Indlalifa yensindiso, ethengwe nguNkulunkulu,
> Ngizelwe nguMoya waKhe, ngagezwa eGazini laKhe.

70 Lezo yizindaba ezinhle. Lezo yiziyalo zezwe lonke. Lowo ngumyalo omkhulu, wokuthi sifanele "siye ezweni lonke, futhi sishumayele leliVangeli." SiLinike abantu, "ngamandla okuvuka." Manje, sethemba ukuthi . . .

71 Manje, isikhathi sethu sesithi asiphele, esalokhu ukukhuluma okuncane sindawonye. Sizoshumayela manje, emahoreni athi awabe mabili, ukuba sibuyele ukushumayela inkonzo yePhasika namhlanje.

72 Kodwa, namhlanje, kulenkulumo encane, ukuzizwela kamnandi kangaka pho! Inhlanganyelo emangalisa kangaka sindawonye pho! Futhi ngikholwa ngenhliziyo yami yonke ukuthi, namhlanje, lelitabernakele elidadlana lizobona ubufakazi obubonakalayo obuqonde ngqo ukuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo, ebonakala phambi kwamehlo abo; uNkulunkulu ephilisa abagulayo, futhi enza izibonakaliso ezinkulu nezimanga ukuthi umyalo omkhulu nawo ufakiwe. Ukubuyisana okukhulu okwenziwa eKalvari kwakufake nalezizinto. Futhi, kimi, kungubufakazi obungenakuphosisa bokuvuka kwaKhe.

73 Emva kokuba Esevukile kwabafileyo, Wathi, "Nifanele nihambe niye ezweni lonke nishumayele leliVangeli kukho konke okuyisidalwa. Lezizibonakaliso ziyakubaphelekezela abakholwayo."

74 Futhi ningaba nawo onke amahlala-bhishobhi, nakho konke ukushikisha, nazo zonke ezinye izinto enizifunayo. Kodwa ninginike aMandla avukile, engingabona iNkosi uJesu namhlanje, njengoMnduze wesiGodi neNkanyezi yoKusa. Lokho kukunameka ngophawu, kimi. Manje-ke ngingasho, kanye noJobe wasendulo, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona."

> Yini engahlanza izono zami na?
> Lutho kuphela yiGazi likaJesu.

75 Yini engangenza ngiphile futhi, kukho konke ukugula, noma yini, noma yibuphi ubugqili engake ngaba kubo na? Lutho kuphela yiGazi likaJesu, naMandla okuvuka kwaKhe. Into eyisimangaliso kanjena pho! NgiyaMthanda. Animthandi nina na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Alibongwe iGama laKhe elingcwele!

76 Manje, ngabe uJobe wadumazeka na? Ngabe uJobe washiywa ngoba wakholwa yilokhu na? Neze. Neze. Ngabe uJobe waphenduka isithutha, kulokho akubonayo, isambulo sakhe na? Ngabe utwa, lubizana noTwa, lwamkhohlisa uJobe na? Abaningi ngahle ukuba bakucabanga ngosuku lwakhe. Kodwa, o, kwaphuma kanjani ekugcineni na? Futhi uJobe, ngenkathi esefa, emva kokuba eseyikhehla, uNkulunkulu wambusisa empilweni.

77 Ngiyanitshela, bhekisisani noma yibaphi abantu enibafunayo. Lalelani lokhu, nina bafo basetabernakele, nani

zivakashi ezinathi. Noma yikuphi ukuphila enikuphilayo, yilokho kuphila okuyinoma yikuphi eniyokuvuna. Nina, njengoba nitshala nje, nivuna kanjalo. Ngangineminyaka engamashumi amane-nesithupha ubudala, ngoluny'usuku. UNkulunkulu ungivumele ukuba ngiphile isikhathi eside ngokwanele ukuze ngibone ukuthi ungeke wenze okungalungile bese uzedlulela nje.

78 Ufanele wenze into efanele, ngoba uKristu uvukile kwabafileyo namehlo aKhe liphezu kweBandla, futhi UyaLiqapha aLihole. Ningalokothi nimelane nokuzwa kukaMoya oNgcwele uma Enitshela ukuba nenze okuthize. Akunandaba ukuthi izwe lithini, yenzani lokho Athi kwenzeni. Uyoliqinisekisa njalo iQiniso futhi aligcine liqondile iQiniso.

79 Manje, ngenkathi e. . . ngenkathi lomprofethi omkhulu weNkosi, uJobe, ngenkathi efa futhi wembelwa. Ukubabaza okuncane nje manje kwalokho . . .

80 Ngifuna ukuletha inkonzo encane ekuvaleni manje, ukuze sisheshe siye ekhaya, futhi sibuyele futhi okwenkonzo enkulu yokuphilisa. Nje ngi . . .

81 Angisilo uhlanya. Niyazi ukuthi angisilo. Noma, uma ngiyilo, angikwazi. Kodwa nje ngizwa Into ethize le phansi kimi, ifuqa futhi icindezela. Ngikholwa ukuthi nje sibhekene nento ethize enkulu, kulokhu ukusa, okwenkazimulo kaNkulunkulu. Ngiyanitshela, bengingeke . . . O, he! Enje pho i . . . Ukwazi lento enkulu, ukuthi uKristu uyaphila namhlanje! Lapho, lonke izwe macala onke, ndawo zonke, nayo yonke inkolo, yonke into ekhona, kungenandaba ukuthi yini, lonke iqembu lizoLenqaba; namanje, kimi, Uyaphila. Uyaphila.

Manje-ke, sizobona ukuthi abantu benzelwa phansi, abakholwa yiLokho.

82 UJobe, ngenkathi efa, wembelwa e—ensimini lapho. Nethuna lakhe lagcinwa.

83 Kwase kuthi-ke ngenkathi kufika abaprofethi basendulo, uAbrahama. Izithandwa zaseBhayibhelini, uAbrahama noSara. Ngenkathi uSara efa, uAbrahama wathenga isiqephu somhlaba eduzane kwakhona impela lapho uJobe ambelwa khona, futhi wambela uSara. Wathi, "Ngiyindlalifa kanye nawe ngaleya." O, he! Ngiyakuthanda lokho, "Izindlalifa ezikanye!"

84 Yileyondlela, namhlanje, abanye babo bathi, "Awu, Mfowethu Branham, usho ukuthi ubungashiya ibandla lamaBaptisti na? Ubuyokwenza *lokhu, lokho* no*kunye* na?"

85 Ngiyindlalifa ekanye nalaba "abaginqiki abangcwele," futhi ngi—ngifuna ukuba kanye nabo. Ngi . . . Lapho, njengoRuthe wathi, owasendulo, "Lapho u . . . Abantu bakho ngabantu bami. UNkulunkulu wakho unguNkulunkulu wami. Lapho ofela khona ngofela khona nami. Lapho ombelwa khona, ngombelwa

khona nami." Ngifuna ukufa ku mina, kakhulu impela, ngize ngibe ngumuntu omusha kuKristu uJesu.

86 Ngakho, bembela uJobe. NoAbrahama wembela uSara eduze kwendawo yakhe impela. Into ethize kubo; lowomkhondo!

87 "Awu," wena uthi "manje, ngabe ikhona into enjalo, Mfowethu Branham na? Manje, ubuqhubeka, cishe ngezinkolo ezehlukene. Bakufunda encwadini, nabo." Kunjalo. Bakufunda ezincwadini.

88 Kodwa Lokhu akusikho ukufunda encwadini. Lena yiNcwadi ebonakaliswayo. Leli yiZwi. Imbewu iqala ukukhula, lokho kungukuthi, "Ngiyazi." Uma nje ufunda incwadi ileta, uzothi, "Ngethemba ukuthi kunjalo. Ngikholwa ukuthi kunjalo." Kodwa uma imbewu ilethwa ekuPhileni, khona-ke wazi ukuthi kunjalo. Amen. Amen. O, kungu "kwazi ukuthi kunjalo."

89 UJobe wathi, "Ngiyazi!" "Ngakwethemba; ngakukholwa; ngenze imihlatshelo; ngenze zonke lezizinto; ngangethemba ukuthi kunjalo." Kodwa nxa kufika umbono, futhi wawubona, wathi, "Ngiyakwazi." Kukhona into eyenzekile.

90 Ungaya esontweni. Ungasho zonke iziVumokholo zabaPhostoli. Futhi ungenza zonke lezi ezinye izinto okungokwenkolo. Ungabhaphathizwa noma ngayiphi indlela ofuna ukubhaphathizwa ngayo. Ungenza noma yini yalezizinto ofuna ukuyenza. Kodwa andukuba umphefumulo wakho usuphaphanyisiwe ngokuvuka kweNkosi uJesu, u. . . Onke "amathemba" seliphelile-ke, no "ngazi ukuthi kunjalo usehlile. "Ngiyazi!"

UJobe wathi, "Ngiyazi ukuthi uMhlengi wami ukhona"

91 UAbrahama wathi, "Ngibe nohlobo olufanayo lombono. Ngenkathi ngaleya entabeni, ngenkathi (uKristu) uNkulunkulu ebonana nami, futhi ungipha i. . . Amagama aKhe okuhlenga, njengoJehova-jire, uJehova rafa, nawo onke lawo; ngibona ukufa, ukumbelwa, nokuvuka. Ngikubona, futhi ngakunikela endodaneni yami uqobo, ngenkathi ngibone uIsaka omncane. Umama walokhu, (umama ofile lapha), umfana wakhe. Ngenkathi ngimthatha ngimenyusela egqumeni, ngamthwalisa ugodo lwakhe uqobo phezulu, isiqongo sentaba," uGenesisi 22, "futhi lapho u. . . Ngambeka phezu kwealtare futhi ngangizothatha ukuphila kwakhe uqobo. Ngazi ukuthi ngangimemukele njengovela kwabafileyo, ngakholwa ukuthi Uyomvusa futhi. Futhi ngalelithemba elikhulu elishaya enhliziyweni yami, ngiyazi ukuthi Wathi Wayengamvusa." Niyabo? Kwakungukubona ukuvuka kungakenzeki; into efanayo uJobe ayenayo.

92 Ngakho wathi, "Manje, ngiyindlalifa kanye noJobe, ngakho ngimmbeleni emhlabathini ofanayo." Kunjalo. Ngakho bamthatha bamwelisela lapho, bathatha uSara bamweza

futhi bammbela eduze kukaJobe ngqo. UAbrahama wathi, "Manje ngokuthi ba . . . Lomhlaba ungahle uthengiselwe omunye, noma ngoba ningiphe wona. Angifuni ningiphe wona. Ngifuna ukuwukhokhela. Nakuba ningipha wona, ngifuna ukuwukhokhela."

93 Futhi yileyondlela, wonke umuntu, lokho ngukuthi, "Nisindiswe ngomusa, akuyi ngemisebenzi," ayikho into eningayenza. Kodwa uma nike naze nathola ukuvuka okubusisiweyo enhliziyweni yenu, nifuna ukuphila impilo yomKristu, sonke isifiso senhliziyo kini singukwenza lokho okulungileyo. O, ngiyakuthanda nje! Akusikho ukuthi nibophezekile ukuba nenze *lokhu*. Akusikho ukuthi nibophezekile, kodwa kukhona Into ethize kini enenza nifune ukuyenza. Nifuna ukuyenza. Anikwenzi ngoba kuyisibopho. Nikwenza ngenxa yothando.

94 Wena uthi, "Ngiyazi. Awu, ngifanele ngivuke bese ngilungiselela abantwanyana ukuba baye enkonzweni kulokhu ukusa. O, he!" Niyabo? O, he! Anikaze nikuthinte ukuvuka.

95 Mfowethu, uma ukuvuka sekufika enhliziyweni yakho, uyakulangazelela ukukwenza. Kukhona okuthize, ongeke nje wadeda kukho; Into ethize engaphakathi.

96 UJobe, lapho esebone lokhu! NoAbrahama wakubona; wembela uSara eduze kukaJobe. Wathenga insimu, wayithenga ngemali yakhe, ukuze kuqinisekiswe. Wabeka ofakazi phambi kwayo, ukuthi wayeqinisekisiwe ukuthi uyithengile lensimu ibe yindawo yokummbela. Kwase kuthi-ke, uAbrahama uqobo lwakhe, ngenkathi efa, wambelwa kanye nabo, futhi, ensimini efanayo.

97 UAbrahama wazala uIsaka. Futhi lapho uIsaka esefa, wambelwa kanye noAbrahama; phansi kombono ofanayo, umcabango ofanayo, olufanayo "utwa lubizana noTwa," ofanayo u "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona." Into efanayo, ubufakazi obubonakalayo obufanayo.

98 Kwase kuthi-ke lapho uIsaka ezala uJakobe. NoJakobe wafa, ezansi le eGibhithe, kude le kunalelizwe.

99 Futhi wayengumuntu okhubazekile. Wayehamba ngokwehlukile kunalokhu ayevamise ukuhamba ngakho, ngoba ngobunye ubusuku ufika uxhumana neNgelosi kaNkulunkulu. NeNkosi yathinta inqulu yakhe futhi yamenza wahamba ngokwehlukile. Wayenobufakazi obubonakalayo ukuthi wayekade ebambe uNkulunkulu, noNkulunkulu wayekade embambile. Futhi yileyondlela, ngenkathi ethola lobobufakazi obubonakalayo, leyonqulu endala ekhubazekile ayehamba ngayo lapho, emenza ahambe aqonde.

100 Ngakolunye uhlangothi, umqhoshi omkhulu, omkhulu . . . Awu, ayebizwa ngakho ngempela, wayengumkhohlisi. Kwakuthiwa ngu "mkhohlisi." Lona impela igama elithi *Jakobe*

lichaza "umkhohlisi." Futhi ngenkathi engakuloluhlangothi, umkhohlisi; omkhulu, ophilile, oqinile, umkhohlisi.

101 Ngakolunye uhlangothi, inkosana eqhugayo eyayikade inoNkulunkulu; yathinta, okwehlukile, yayikade inalelothemba phakathi kwayo! Yahamba ngokwehlukile. Yaziphatha ngokwehlukile. Yaphila ngokwehlukile.

102 Futhi lapho isilungiselela ukufa, ezansi le eGibhithe. Kucabangeni manje. Ngalokho kuphefumulelwa phambi kokuvuka, yanikwa khona ngesilinganiso, phambi kokuvuka. Yathi, "Ngiyazi kukhona okuzokwenzeka enhla ngaleya eGibhithe, oyedwa . . . hhayi eGibhithe; kodwa phezulu ezweni lesithembiso, ngolunye lwalezizinsuku. Ngakho phezu kwayo impela indawo lokhu kuphefumulelwa . . . Woza lapha, mfana wami, Josefa," owayengumprofethi. Yathi, "Woza lapha ubeke isandla sakho phezu kwalokhu, 'engabambana nakho,' indawo ebengikuyo. Bese uyafunga kimi, uNkulunkulu waseZulwini, ukuthi awuyikungimbela ezansi lapha. Funga ukuthi ngeke ungimbele lapha." Ngokuba, yayazi ukuthi kwakufanelekile ukuthi ihlanganiswe nalabobantu.

103 Yingalesosizathu, namhlanje, sifuna ukucula sisabeka isandla sethu phezu kwesiphambano esimahlikihliki, "Ngizothatha indlela nabayingcosana beNkosi abadelelekile; nakuba Kugxekwa, nakuba Kuhlekiswa ngakho, nakuba ngingaba ngomkhulu, umfo othandwa ngabantu lapha."

104 Njengalokho, ngoluny'usuku, njengoba kwakunjalo, umfana omdadlana egijima ejikeleza edolobheni lapha, futhi ethe ukuthandwa ngabantu phakathi kwe . . . kanjalonjalo, abafo abasha. Kodwa ngibone into ethize ngoluny'usuku, eyehla yangena lapha. Futhi ngathatha uhlangothi oluqhugayo, ngakoluny'uhlangothi.

105 Anijabuli yini, kulokhu ukusa, nathatha indawo eyisikhundla yenu lapho na? Ngokuba kwakukhona okuthize ki—kini! [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

106 Intombi . . . Ngenkathi ngisengumshumayeli ongumfana nje, ngapha endaweni engangishumayela kuyo, i . . . Ngayithatha ngayiyisa enkonzweni ngobunye ubusuku. Yathi, "Billy, sizo . . . emva kwenkonzo, singaya ebhayisikobho na?"

Ngathi, "Angiwahambi amabhayisikobho."

107 Yathi, "Awu," yathi, "besinga—besingaba no—nosuku lokubonana, noma ukushaywa wumoya, ukuba siye emdansweni ebesizoba nawo na?" Intombazane yayinguthisha kaSontos'kole.

108 Futhi ngathi, "Ngani, cha." Umfowabo wayengumfundisi. Akaqhelile kakhulu kwalapho ahlala khona kunakhona lapha. Futhi u . . . Yathi, "Singaya e—e—emdansweni na?"

Ngathi, "Angidansi."

109 Yase ithi, "Awudansi?" Yathi, "Kukuphi lapho oke uzithokozise khona na?"

Ngathi, "Yehla siye enkonzweni, ngizokukhombisa." Amen.

110 Ngizokutshela, mfowethu, uma ngizwa lawo avusayo, amandla aguqulanayo eNkosini uJesu Kristu eshaya indingilizi ehamba emzimbeni womuntu, anikeza lesosiqiniseko esiphelele, kukhona okuningi kakhulu ukujabula kuLokho, emizuzwini emihlanu, kunaleyo ekhona kuyo yonke injabulo yokwezwe ebinganikezwa. LawoMandla avukile!

111 Awu, ngalobobusuku, izoni zeza ealtare. Yayihlezi emuva lapho ikhala, nayo. Ngathi, "Manje, buka, sisi, uyabona ukuthi ukujabula kwami kukuphi na?" Ngathi, "Ngijabule kakhulu khona manje kunazo zonke izinto obungazinikeza ezweni. Izwe, nakho konke okwamandla alo, soze lathatha indawo yaLokhu." Ukubona imiphefumulo iza, kukhona Into ethize lapho!

Uthi, "Awu, kuyini na? Lokho akusiwo umsebenzi wakho."

112 O, yebo, yiwo, futhi. Ngumsebenzi wawo wonke owesilisa nowesifazane ozalwa nguMoya kaNkulunkulu, ukubona amaKristu engena eMbusweni kaNkulunkulu. Kuyisibopho sakho. Kungumsebenzi wakho. Futhi kungukujabula okunjani pho uma konke kwenzeka, ngaphezulu, uyabona ukuthi ngukuthula okunjani. Yebo.

113 UJakobe wathi, "Manje beka isandla sakho phezu kwalapha, bese ufunga ukuthi awuyikungimbela lapha." Ngakho bamthatha base bemmbela enhla lapho kanye nabo bonke abanye.

114 Kwase kuthi-ke—kwase kuthi-ke, uJosefa, kuthi ukusuka kuJakobe kuye kuJosefa. Futhi ngenkathi uJosefa efa ezansi lapho eGibhithe, wathi, "Manje, bukani, ningangimbeli lapha ngoba ngiyazi ngolunye usuku sizosuka lapha. Ngakho, ngi . . . Nivele nje nishiye amathambo ami ngaphandle komhlabathi." O, he! "Ngifuna ukunikeza bonke ubufakazi engingabunikeza, bokuthi ngiyakholelwa kukho." Kunjalo. Wathi, "Emva kokuba sengifile, nivele nje nishiye amathambo ami lapho kube ubufakazi." Niyabo? Kuyini na? Wayengasho okuningi kakhulu njengoJobe, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona," ngokuba wayeyibonile yonke into ifanekiswa samdlalo. Wayebonile, njengoJobe.

115 UJobe wakubona embonweni. UAbrahama wakubona ngoIsaka. NoIsaka o . . . noJakobe, kanjalonjalo. NoJakobe wayekubone ngokubambana.

116 Manje uJosefa wakubona ngempilo yakhe uqobo. Wayebonile ukuthi wayezalwe engumfana oyinqaba, ukuthi wayengumboni. Kwakukhona into ethize ngaye; wayebona imibono. Wayengawuqondi. Waze wahamba ngisho futhi wabona . . . Watshela uyise nonina, ngenkathi bezama

ukumbonisa, ngenkathi ebone izithungu zonke zikhothamela esakhe. Wayengawuqondi. Kodwa-ke, into elandelayo, wathola ukuthi wakhashelwa ngabafowabo. Wathi, “Ngibumba sithombe sini lapha na? Yikuphi lokhu ukwazi ngaphambili engikwemukelayo na?” Wabhekisisa impilo yakhe uqobo.

117 Futhi noma yimuphi umuntu angayibhekisisa impilo yakho uqobo futhi ngayo akutshele ukuthi unjani, uma nje uzihlola wena, ukuthi ngabe ungumKristu wangempela noma qha. Bhekisisa izinto ozenzayo, nokuthi uthini, nalabo ohambisana nabo, kanjalo njalo. Uzothola noma kukhona yini ngempela onakho lapho, noma qha.

118 Wayeyibonile impilo yakhe lapho iqala ukunyakaza. Futhi into elandelayo niyazi, bathola ukuthi waphoswa emgodini; wakhohliswa abafowabo, sengathi ubulewe futhi waphoswa emgodini; futhi wabuye wakhushulwa. UJosefa wakubona kungakenzeki lokho. Wazibona yena uqobo esetilongweni. Wazibona yena uqobo esemgodini oyitilongo leziboshwa. Wabona ukuthi uNkulunkulu wayenaye, noma ngabe yini ayeyenza, nokho. Wayeyinkosana yempumelelo. Izwe laphumelela. Noma yikuphi lapho uJosefa ayekhona, kwakukhona impumelelo, ngokuba wayeyinkosana yempumelelo. Futhi, yena, ebikezela uKristu.

119 Noma yikuphi lapho okukhona uKristu, kukhona impumelelo. Futhi uma uKristu esebuyela emhlabeni, sonke isiqalekiso somhlaba siyosuswa, ngolunye lwalezizinsuku. Ugwadule oludala luyoqhakaza njengembali, nezindawo ezimigoxigoxi ziyokwenziwa zihlelembeke. Futhi luyothela kakhulu, ngokuba UyiNkosana yempumelelo, noma ngabe Ukuphi. Haleluya! INkosana yempumelelo!

120 Besingahlala kanjani kulokhu cishe ihora khona manje! Kodwa, ukusheshisa manje, sifanele sisheshise.

121 Manje bukani uJosefa, ekubona ngaleyonkathi, ngenkathi azi yonke into ayenzayo. Wababona abafowabo abamkhaphelayo, ekugcineni beza kuye, bengamazi ukuthi wayengubani; futhi bamkhothamela, ngenhlonipho. Futhi labo ababembethele, njengoba kwakunjalo, bamphosa emhlabathini, labo ababemthengise kumaGibhithe, bonke labo abamphatha kabi, bama phambi kwakhe. Futhi, yena, inkosana enkulu; futhi bathuthumela. Futhi bathi, “O, lokho . . . ” Bathuthumela, ngoba, bathi, “Sibulale umfowethu ngokumcekela phansi.” Nakho konke ngalokho, nokuthi kwakuzoba njani ngesibikezelo.

122 UJosefa, wazi ukuthi lokho kwakuzoba yizimo zezwe ekufikeni kweNkosi uJesu, ngakho wakhuluma ngamathambo akhe. Wathi, “Ningangimbeli lapha. Kodwa ngifuna ukushiya bonke ubufakazi engingabushiya, engikholwa ukuthi ngolunye

usuku kuyoba khona ukuvuka, enhla ngaleya, lapho labo obenalokho kuphefumulelwa beye khona."

123 Futhi kanjalo neBandla belingasho, kulokhu ukusa! Noma "ngubuhlanya," njengoba sibizwa kanjalo; noma ngoba sikholelwa eMandleni okuvuka; noma sikholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu nazozonke izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo uKristu azethembisayo; sifanele sithathe uhlangothi lwa "bangakwazi ukufunda nokubhala," noma "uhlanya," kanjalonjalo! Akwenzi-mehluko ukuthi yikuphi esizokuthatha, inqobo nje uma sazi ukuthi uMhlengi wethu ukhona, futhi uveze ubufakazi obubonakalayo enhliziyweni yethu, ukuthi Ukhona futhi uyabusa.

124 UJosefa wathi, "Ngifuna ukwenza bonke ubufakazi obumelene noDeveli engingabenza."

125 Ngakho waphosa amathambo akhe ngaphandle lapho, futhi abekwa lapho iminyaka engamakhulu amane. Amen. Ngokuba, kwabuka ngaphambili kwalokho! Abantu bathi, "Uhlanya olunje pho!" Kwakubukeka kanjalo, ngaleyonkathi, uhlanya, kodwa kwafakazeka ukuthi kwakuyiQiniso. Amen.

126 Kuyoba njalo kuwo wonke onalelithemba elibusisiwe lalendikimba kulokhu ukusa, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Ngiyakwazi, akunandaba ukuthini!"

127 Bathi, "O, siyaphumelela lapha. Lonke iGibhithe liphumelele ngenkathi silapha," zonke lezizinto.

128 Kodwa lokho akwenzanga-mehluko. Wayazi ukuthi babephuma lapho, impela njengezwe nje. Wathi, "Manje, nithathe amathambo ami nenyukele lapho, bese niwambela enhla lapho eGibhithe . . . enhla ezweni lesithembiso, enhla ezweni laseKanana, ngaphandle kweGibhithe." Ngakho ngenkathi be . . . UMose uyangena, omunye umprofethi ophefumulelwe, wase ethatha amathambo kaJosefa, wase ewathatha wawenyusa wase ewambela ensimini efanayo, indawo efanayo lapho bonke abanye embelwa khona. Wathatha indlela yakhe, kanye nabo bonke abanye. Ngani na? Kwakukhona Into ethize eyayikuye. Into ethize ekuye! Akunandaba . . .

129 Anibezwa bonke abanye abantu ezansi lapho besho noma yini ngakho. "Awu, noma yikuphi kulungile." Bawela noma yikuphi nje abathanda khona.

130 Kodwa kwakukhona Into ethize eyayikuye, Into ethize eyayikade inombono ofanayo uJobe ayenawo, umbono ofanayo bonke abanye ababenawo. Akunandaba ukuthi lonke izwe lalicabangani, ukuthi babenzeni, okwakungahlanganise lutho noJosefa; okwakungahlanganise lutho noAbrahama, noIsaka, noJakobe, nabo bonke abanye. Into ethize yacindezelela kulelozwe lesithembiso. Kwakubonakala kungubuhlanya,

kodwa babekufuna ngoba kwakukhona Into ethize ekubo. "Utwa lubizana noTwa."

131 Kungaleyondlela namhlanje kuwo wonke okholwayo. Kukhona Into ethize kubo, ecindezelela kukho. Akunandaba, ungazama *lokhu, lokho,* noma *okunye*, kodwa kukhona Into ethize ecindezelayo. Niyazi, ngale kwethunzi lokungabaza, ukuthi kukhona uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Niyazi ukuthi kukhona Into ethize lapho, ngakho nicindezela kuYo.

132 Manje, ngosuku abammbela ngalo, amathambo enhla lapho, amakhulu eminyaka edlula.

133 Futhi ekugcineni, ngoluny'usuku, "Sazalelwa iNdodana, saphiwa uMntwana. NeGama laKhe liyakuthiwa uMmangalisi, uMluleki, uNkulunkulu onaMandla. INkosi yokuThula, uYise ongunaphakade." Futhi Ufika emhlabeni, futhi Ufika ngendlela yomkhombe, eyisihlupheki futhi ehle isithunzi.

134 Kodwa Into ethize kuYe, eyayazi! Wama lapho enesiprofetho esisodwa esiphuma eBhayibhelini. Wathi, "Dilizani lomzimba, futhi ezinsukwini ezintathu Ngizowuvusa futhi."

135 Wayenguyena-Muntu kuphela owayengasho lokho, owake waba namandla okwenza leyonkulumo-mbiko, noma oyobe elokhu enamandla akwazi ukuyenza. "Nginamandla okudela umzimba waMi; Nginamandla okubuye ngiwuthabathe futhi." Kunjalo, uEmanuweli, uqobo lwaKhe!

136 Kwase kuthi-ke lapho Efa, futhi, ngosuku lokufa kwaKhe, baMehlisa esiphambanweni, futhi baMfaka ethuneni. Futhi Walala lapho kusukela ngoLwesihlanu ntambama kwaze kwaba yiSonto ekuseni, ngaleloPhasika elimangalisayo ekuseni ngenkathi Evuka futhi. Nomphefumulo waKhe wathukululwa ematilongweni esihogo phansi ngaleya, lapho Aya khona njengesoni ngenxa yenu nami, ehamba ethwele izono zethu, ukuba asinike isiqiniseko esiphelele. Akukho sizathu sokungabaza, nhlobo; kunikeza isiqiniseko esiphelele. Wathi, "Ngi . . ."

137 Ngoba Wenza lokho, umphefumulo waKhe walahlwa esihogweni, ngoba Wayeyisilahlwa. Wayeyi "mbuzi eyisesulelo" yeTestamente eLidala," yona, babebeka izono zabantu phezu kwembuzi eyisesulelo bese beyidedela iye ehlane ukuba iyofa. UJesu wayeyileyombuzi eyisesulelo owayenezono zabantu phezu kwaKhe, futhi walahlwa futhi waya esihogweni, ukuba ahlupheke ngokuzwiswa ubuhlungu. Umzimba waKhe waya ethuneni, ukukhokha intengo yokuvuka kwethu. O, he!

138 Kwase kuthi-ke, ngaleloPhasika ekuseni, ngenkathi ekhuphuka Ebuya ethuneni, lapho izinhlungu zokufa nesihogo zazingenakuMbamba. Futhi ngenkathi Evuka futhi ngePhasika ekuseni, Akavukanga kuphela, kodwa kanjalo kufika uJobe, uJakobe, uAbrahama, uIsaka. Bonke babanye babo bafika

ekuvukeni, kuMathewu 27, "Futhi babonakala kwabaningi, nasemacaleni onke emigwaqeni." Lokho okophawu lobufakazi babo, ngoba babenento ethize kubo, eyathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona." Nakuwo wonke umuntu . . . Manje, babazi!

139 UNkulunkulu wayazi, ukuthi ezinsukwini ezizayo, ukuthi osiyazi besayense yezenkolo babezolithola leliBhayibheli. Babazi ukuthi amadoda ahlakaniphile ayezoLithola, ukuthi ayezofaka ukuhumusha kwawo kuLo, ukuthi ayezothi, "O, Alisho khona *lokhu*. Alisho khona *lokho*."

140 Ngakho, ukukwenza kuqiniseke, ukuthi amacebo aKhe amakhulu eminyakeni ezayo ayogcwaliseka . . . Lalelisisani manje njengoba sesivala inkonzo. Njengaseminyakeni ezayo, ukuthi icebo laKhe liyogcwaliseka, uNkulunkulu wanikeza ubufakazi obunquma-juqu kukho.

141 SingaLifunda bese sithi, "NgiyaLikholwa." Lokho ngokwengqondo. Lokho ngukukholwa kwezihlakaniphi. Leyo yisayense yezenkolo yengqondo. Kodwa kukhona Into ethize engaphambili kakhulu kwalokho. Kunjalo.

142 Akavukanga kuphela ethuneni, kodwa Wenyukela Phezulu wase ethumela uMoya oNgcwele emuva. "Wenyukela Phezulu futhi upha abantu izipho; wathumba abathunjiweyo, futhi upha abantu izipho."

143 Futhi, namhlanje, emva kokuba izazi zesayense yezenkolo sezigange ngeBhayibheli, emva kokuba izinhlangano zamabandla isizihlelile, futhi bathi, "Awu, *yilokhu* esikudingayo. Abanye abantu bambelwa phansi kwendlu yesonto, abanye babangcwele; sizomba amanye amathambo abo futhi siwalethe lapha." Abanye babo bathi, "Sizokwakha indlu yokukhonzela phezu kwethuna lapho A—lapho Abethelwa khona, noma lapho Ammbelwa khona. Sizokwakha indlu yokukhonzela lapho." Abantu, entweni ephathekayo, bazama ukwenza izinto eziphathekayo, kodwa kuyize nje. Akukho lutho kukho. Konke kungumbhedo, futhi akukho lutho kukho.

144 Kodwa ukuvuka kwangempela yilabo abafe naYe, abazalwe ngokusha, onalokho kukholwa kokuthi "ngazi ukuthi kanjalo." "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona." NoNkulunkulu usebenza nalabobantu, "ngezibonakaliso nezimangaliso," nomyalo omkhulu lapha, ekhombisa ukuthi Wavuka kwabafileyo, futhi ekhombisa izibonakaliso nezimangaliso ezibonakalayo.

145 UNkulunkulu anibusise. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakukholwa ngenhliziyo yenu yonke na?

146 Masiphuthume ekhaya manje. Nidle ukudla kwenu kwasekuseni bese niyabuya futhi ngelesishiyagalolunye nqo. Futhi sizoqala ukukhipha abafana, benikeza amakhadi omkhuleko, ngelesishiyagalolunye nqo.

147 Futhi kokwami. . .ngithi, kulokhu ukusa, namazwi okugcina phezu kwalokhu lapha, ngize ngibuye ngibuye. Yona impela iNkosi uJesu eyavuka kwabafileyo iyaphila namhlanje, futhi ingenza zona impela izinto ezifanayo njengoba Yethembisa. "Lezizibonakaliso ziyakubaphelekezela abakholwayo, ngisho ngize Ngibuye futhi." Nakuba nikhishelwa ngaphandle, nakuba nibizwa "ngobuhlanya," nokho Ukhona lapha kuwo onke Amandla aKhe. UNkulunkulu anibusise. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonipha iPhasika, namhlanje, eningasoze nalikhohlwa inqobo nje uma nisaphila.

148 Manje, nina nithi, "Ngabe umelene nabo, labobantu beya emasontweni, neziphambano ezinkulu, nakanjalo na?" Qhabo, mnumzane, mfowethu. Lezozinto, noma zingaba zinhle zinjalo, kufana nje nokuthola. . .Nakhu engikucabanga ngalawomasonto amakhulu.

149 Wena uthi, "O, impela, uma iNkosi ingasipha indawo enkulu, ngingakujabulela."

150 Kodwa nakhu ukuhlaziya kwami kwalokho. Senake nacabanga ngokwehlela lapha emashabhu namafektri, nokwakha esikhulu, eside isitimela esithwala abantu, sinesikhumba sevukuzi, nezihlalo zonke zizinhle, zipholishiwe, nehudi enkulu phezulu, nokufaka onjiniyela lapho, singenasitimu sokusidonsa na? Niyabo? Uvele nje. . .Ngeke sisize nakanci. Ngingaqoka ukuba nemoto yesandla ndawo ndawo, inesitimu esithize kuyo, kunokuba nakho konke okwalokho, (beningeke nina na?), ngoba kukhona lapho ozoya khona. Yiqiniso lelo. Ngakho manje kalula nje khumbulani lokho, ukuvuka kwangempela, into yangempela.

151 Wena uthi, "Leyonto ingazihambela yona, ngaleya." Ingahamba kanjani na? Kufakazise kimi.

152 Futhi yilokho esikwenzile. Sifake isikhumba sevukuzi ezihlalweni. Sipholishe ihudi. Sipholishe izifundiswa ezinkulu, ukufundisa ngesayense enkulu yezenkolo, nokusebenzisa amagama amakhulu nje. . .izinto ezinkulu abazitadisha kwisichaza-mazwi, ubusuku bonke, benzela intshumayelo, cishe, abazoyitholela ukuyethula ngakusasa ekuseni, "ngamazwi amakhulu akhukhumele." Kodwa, mfowethu, kimina, ngumbhedo lowo.

153 Nginike uKristu. Nginike ukuvuka. Nginike ubufakazi obubonakalayo, enhliziyweni yami, ukuthi uKristu wavuka kwabafileyo. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Lokho kuyakuxazulula, kimi. Amen.

154 Nginike into engingayisho, noPawulu wasendulo. . .Nalelo elikhulu, ikamelo elimnyama elihlezi lapho phambi kwami, njengomuntu osazokufa. Futhi angisesiyo ingane, ukuthi ngiyazi ukuthi njalo uma inhliziyo yami ishaya, ngiya ngakulelo elikhulu, ikamelo elimnyama lapho elibizwa ngokufa. Njalo;

futhi ngoluny'usuku iyoshaya okokugcina, futhi ngifanele ngingene kulelokamelo lokufa nakho konke okusazokufa.

155 Kodwa ngifuna ukusho, kanye noPawulu lowomphostoli omkhulu, lapho ethi, "Ngifuna ukuMazi eMandleni okuvuka kwaKhe," ukuthi uma Ebiza phakathi kwabafileyo, ngiyophuma naYe ngalesosikhathi." Yilokho engikufunayo, "ukwazi Yena," kulokhu ukusa. Yilokho, ngiyambonga uNkulunkulu, "NgiyaMazi eMandleni okuvuka kwaKhe." Ukuthi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona."

156 Lamehlo aphuphuthekile, elake laba yimpumputhe, selivulekile. Lo omncane, umzimba omdala oyintengentenge, cishe wamaphawondi ayikhulu namashumi amabili nanhlanu, ubhadazela lapha, ubu. . . inyama ifikele phezu kwawo. Lenhliziyo eyake yaba-mnyama yisono seyenziwe yaba-mhlophe. Lezizifiso ezazivame ukuthanda izinto zezwe zifile, eminyakeni engamashumi amabili-nambili eyedlula, futhi usuvukile futhi manje.

157 Nalamehlo asazokufa engibuka ngawo, ngibe nenhlanhla, ngomusa kaNkulunkulu, ukubona izishosha zihamba, izimpumputhe zibona, o, izibonakaliso nezimangaliso ezinkulu, namandla kaNkulunkulu. Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Ngiyakwazi, ngale kwesithunzi sokungabaza. Ngiyakwazi. Ngiyakwazi. Ngiyakwazi. UMhlengi wami ukhona, amen, ngokuqhubekayo, sonke isikhathi. Noma izinso zami zidleka phakathi kwami, noma ulimi lwami lunamathela ezindebeni zami, noma izibungu zesikhumba ziwudla ziwuqeda umzimba, noma itshe lethuna lakhiwa, namanje, ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Amen.

Ake sikhuleke!

158 Baba waseZulwini, siyaKubonga, kulokhu ukusa, ngalokhu ukuvuka. O Nkulunkulu! Ngake, ngaba yisoni, ngiboshwe ngamaketango esono; ngake ngaba setilongweni, ngamathize-thize; ukuqhosha, nezipoki, ngesaba ukufa, ngesaba ukudibana naWe, kodwa ngolunye usuku lwenkazimulo nakho kufika ukuvuka kwabafileyo kuvela kulokho. UKristu wavuka enhliziyweni, futhi namhlanje sinalesi isiqiniseko esikhulu. Namhlanje Uphila ngokuphakemeyo, futhi siyaKubonga ngaYe.

159 Futhi siyakhuleka, Baba, manje, ukuthi Uzobusisa lezizethameli ezincane, futhi sibuthene. Kwangathi uMoya oNgcwele waKho ungaphumula phezu kwalowo nalowo. Yiba nathi enkonzweni ezayo, Nkosi. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungeza ube phakathi kwethu kulokhu ukusa futhi uphilise wonke umuntu ogulayo osendlini. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi abantu bangasuka lapha, ukuba bakhumbule leliPhasika kuze kube-phakade. Siphe khona, Nkosi. Futhi kwangathi amandla amakhulu, kwangathi iziNgelosi ezinkulu, ezaginqa zasusa itshe ngePhasika ekuseni, kwangathi zingama

zibekhona, namhlanje, ukuba ziginqe zisuse onke amatshe okungabaza, konke ukwesaba, konke ukungezwani. Kususe ezinhliziyweni zabantu. Siphe khona, Nkosi, ukuze uMoya oNgcwele ukwazi ukwehla ngamandla amakhulu, futhi ube nokungena kuwo wonke umuntu. Siphe khona. NgeGama likaJesu Kristu siyakucela. Amen.

160 Asisukume.

Owokuqala ukufela lelicebo likaMoya oNgcwele,
Kwaba nguJohane umBhaphathizi, kodwa wafa njengomuntu;
Kwase kufika iNkosi uJesu, baMbethela,
Washumayela ukuthi uMoya uyosindisa umuntu esonweni.

Lilokhu livuza igazi, yebo, livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi labafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

O, base bemkhanda ngamatshe uStefanu, washumayela wahlaba isono,
Kwabathukuthelisa kakhulu, bamphihliza ikhanda lakhe phakathi;
Kepha wafela eMoyeni, waphuma umphefumulo,
Futhi wahamba ukuyohlangana nabanye, lesisixuku esikhulu esinikela ngokuphila.

Kukhona uPetru noPawulu, noJohane omkhulu,
Banikela ngezimpilo zabo ukuze leliVangeli likhanye;
Baxubanisa igazi labo, njengabaprofethi basendulo,
Ukuze iZwi likaNkulunkulu leqiniso likhulunywe ngobuqotho.

Kukhona imiphefumulo phansi kwealtare, ememezayo, "Koze kubenini na?"
Ukuba iNkosi ijezise labo abenze okubi;
Kepha bazoba baningi abazonikela ngegazi lokuphila kwabo
Ngokuba leliVangeli likaMoya oNgcwele nethantala lawo elibomvu klebhu.

Lilokhu livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi labafundi abafel'iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

161 AniMthandi na? Sicula leloculo elincane ngoba siyakholwa ukuthi iVangeli likaMoya oNgcwele lisavuza iGazi. Kuyindlela

yokuhlushwa. Kuyindlela yokungaqondi. Kunjalo. Izwe aliLazi. Izwe alizange liLazi. "Izwe liyonizonda. Kodwa yimani isibindi, Ngilinqobile izwe." AbaLiqondi. "Ukushunyayelwa kwesiphambano kungubuwula kwababhubhayo." Kodwa kukhona Into ethize phansi enhliziyweni yekholwa, ethi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Ngiyakwazi, ngale kokungabaza."

162 Wonke umuntu uzizwa ekahle na? Asithi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje xhawula omi eduze kwakho, uthi, "Ayibongwe iNkosi." Ayibongwe iNkosi. Ayibongwe iNkosi. Ayibongwe iNkosi. Kuhle lokho. Kuhle lokho.

163 Thathani indawo yenu eyisikhundla, kulokhu ukusa, noKristu. Wavuka kwabafileyo. Thathani indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Kulungile.

Manje ake sikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje.

164 Futhi manje khumbulani izinkonzo emizuzwini embalwa nje futhi. Siyaqala futhi, manje, nge—ngelesishiyagalolunye nqo; amakhadi omkhuleko azokhishwa. Ngeleshumi nqo, iNkosi ithanda, amalungiselelo angaphambili azoqala. Inkonzo yokushumayela izoqala cishe lapha nje, cishe—cishe kweleshumi, ngiyethemba. Futhi nibe lapha ngaphambi kwesikhathi, ngelesishiyagalolunye nqo, ukuba nithole amakhadi enu omkhuleko. Nabafana bazoba lapha bekhipha amakhadi omkhuleko ngelesishiyagalolunye nqo, kulokhu ukusa. Kulungile.

165 Manje phuthumani ekhaya. Uma nizokudla, qhubekani. Uma ningadli, nibuye ningadlanga ukudla kwasekuseni. Wo, sidla kakhulu, empeleni. Ngakho-ke nibuye, nizilile, nijabula, inhliziyo yenu ibe kahle.

166 Kugcineni engqondweni yenu njalo lokho, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Ngiyazi Ukhona. Izinsimbi zenjabulo zikhala enhliziyweni yami! Ngoba Wavuka, ngiyovuka nami. Ngokuba, sengilungele, okwesikhashana, ngokwendawo eyiyona yona sivuke naYe manje, 'sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu.'"

167 Manje asikhothamise amakhanda ethu, ndawo zonke endlini. Futhi ngicele uMfowethu Beeler, omunye wabelusi lapha . . .

168 UMfowethu Tom Meredith, ngimbonile emuva lapho, futhi, sizomsebenzisa enkonzweni kamuvanyana.

169 Futhi manje, uMfowethu Beeler, uma ezoya phambili ngenkathi bonke abantu besakhothamise ikhanda labo ngomkhuleko, sizocela asikhiphe ngomkhuleko. Kulungile, Mfowethu Beeler, uma uthanda.

